- **ukuqoqa ngokusemthethweni, ukuveza nokukhangisa ngezikhali.**

## Kwenziwa njani ezimbizweni zomphakathi?

NgokoMthetho Olawula Izimbizo, we-1993, njengoba uchibiyelwe uMthetho Wezikhali Eziyingozi, we-2013, akekho umuntu okuyothi uma kunembizo noma umbhikisho njengoba kuchaziwe eMthethweni Olawula Izimbizo, we-1993, aphathe:

- noma yisiphi isikhali esiyingozi
- isibhamu; noma
- noma yiyiphi into efana nesibhamu futhi engabonakala ngephutha iyisibhamu.

Kuyicala ukuphatha noma yikuphi kwalezi zinto embizweni. Ukwephulwa kwalo Mthetho ngale ndlela kungajeziselwa ngokuthi umuntu aboshwe isikhathi esingekho ngaphezu kweminyaka emithathu.

**Compiled by:**
Division: Visible Policing

**Visit the SAPS website for more information:**
**www.saps.gov.za**

**SAPS Emergency Line:**
**10111**

**SAPS Crime Stop / Tip Off:**
**08600 10111**

**Call Centre for Service Delivery Complaints:**
**0800333177**

# UMTHETHO WEZIKHALI EZIYINGOZI

WE-2013, UMTHETHO WE-15 WE-2013

UMthethosisekelo WeRiphablikhi Yase-Ningizimu Afrika, we-1996, unikeza wonke umuntu ilungelo lokukhululeka kuzo zonke izinhlobo zodlame futhi uqinisekisa ukuthi wonke umuntu unelungelo lokubhikisha, lokugculisa abanye ukuthi beseke lowo mbhikisho nelokwethula izicelo ezibhaliwe, kodwa uma lokho kwenziwa ngokuthula futhi kungahlonyiwe.

Ukulawula nokuhlinzeka ezinye izinto zokuvimbela mayelana nokuphathwa kwezikhali eziyingozi, uMthetho Wezikhali Eziyingozi, we-2013 (UMthetho we-15 we-2013), wagunyazwa uHulumeni ukuhambisana nomoya WoMthethosisekelo. UMthetho Wezikhali Eziyingozi, we-2013 wesula ukusebenza koMthetho Wezikhali Eziyingozi kwiRiphabhlikhi YaseNingizimu Afrika njengoba wagunyazwa naseTranskei, eVenda, eCiskei naseBophuthatswana ngaphambi komhla zingama-27 Ephreli 1994. UMthetho owodwa olawula indlela efanayo yokubhekela izikhali eziyingozi kuyo yonke iRiphabhlikhi YaseNingizimu Afrika.

## Yini isikhali esiyingozi?

Isigaba soku-1 soMthetho Wezikhali Eziyingozi, we-2013 (UMthetho we-15 we-2013) sichaza isikhali esiyingozi njenga:

- Noma yisiphi isikhali okungesona isibhamu, esingabulala noma silimaze kakhulu umzimba womuntu, uma sisetshenziswa ngenjongo engekho emthethweni.

## Kunini ngokwalo Mthetho lapho okungavumelekile ukuphatha (isikhali) izikhali eziyingozi?

Isigaba sesi-3 (1) salo siveza ukuthi:

- Noma yimuphi umuntu ophethe noma yisiphi isikhali esiyingozi ngaphansi kwemibandela engaletha izinsolo zokuthi lowo muntu uhlose ukusebenzisa isikhali esiyingozi ngenhloso engekho emthethweni, unecala lokwephula lowo mthetho futhi angahlawuliswa noma aboshwe isikhathi esingekho ngaphezu kweminyaka emithathu.

## Yimiphi imibandela engakhomba ukuthi ngabe umuntu uhlose ukusebenzisa leyo nto njengesikhali esiyingozi ngenhloso engekho emthethweni?

Isigaba sesi-3 (2) sibeka le mibandela elandelayo okumele iqikelelwe kuban-dakanya, kodwa kungesiyo kuphela le elandelayo:

- indawo nesikhathi lapho kutholakala khona umuntu
- indlela yokuziphatha komuntu, kubandakanya noma yikuphi ukwesabisa noma ukukhombisa indlela yokuziphatha enokwesabisa
- indlela into ephethwe noma evezwe ngayo
- noma ngabe ukuphathwa kwento kumayelana nomqondosizinda wokudayisa izidakamizwa, inhlangano yeqembu lezigilamkhuba noma noma yibuphi ubelelesi obuhleliwe noma noma yisiphi esinye isenzo sobelelesi; noma
- noma yimiphi eminye imibandela, kubandakanya noma yiyiphi enye incazelo umuntu angafisa ukuyihlinzeka ngokuphatha kwakhe le nto. Kumele kuqapheleke ukuthi umuntu akaphoqwa ukuthi anikeze incazelo. Kwenziwa ngokuzithandela.

## Yikuphi okwenziwayo okunga-phikisani noMthetho Wezikhali Eziyingozi, we-2013 (UMthetho we-15 we-2013)?

Ngokwesigaba sesi-2 salo mthetho, umuntu (abantu) angeke baboshwa baphinde babekwe icala uma betholakala nezinto eziyingozi ngaphansi kwale mibandela elandelayo:

- ekwenziweni kwanoma yimuphi umsebenzi, umsebenzi okumele uwenze noma okwenziwayo
- ngesikhathi sokubamba iqhaza kunoma yimiphi imisebenzi yezenkolo noma yamasiko, ezemidlalo esemthethweni, ezokungcebeleka noma ukuzijabulisa; noma